**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | imizuzu engama-40 |

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (Okufundwayo)**

**NGABE SISEKHONA ISIDINGO SOMFANISWANO EZIKOLENI?**

Umfaniswano (uniform) indlela efanayo abafundi abagqoka ngayo uma beya ezikoleni. Abantu banemibuzo eminingi mayelana nokubaluleka komfaniswano ezikoleni kulesi sikhathisa manje.Inhloso(aim)yomfaniswano kwakungukuthi abafundi babukeke ngendlela efanayo ukuze nalabo abaphuma emakhaya ahluphekayo bangabonakali. Ngokuhamba kwesikhathi umfaniswano wagcina usubiza kakhulu. Izikole ezibizayo/ezidulayo ziba nomfaniswano obizayo. Lokhu kuba ngumthwalo omkhulu kubazali ngoba bazithola sebebhekene nenkinga yokuthenga umfaniswano obizayo ongayisizi ngalutho ingane ekutheni iphase kahle.

UMnyango wezeMfundo nawo uyakweseka/uyahambisana nokugqokwa komfaniswano ezikoleni. Ucwaningo (research) olwenziwe uCarl Brown we Institute of Equal Education.Oneminyaka engama-36 lukhomba ukuthi ukugqokwa komfaniswano ezikoleni kwenza ukuthi kube khona inhlonipho kubuye kusize nasekuletheni **umoya wobunye** ezinganeni zesikole. Ngabe uMnyango wezeMfundo uke wabheka yini ukuthi inhlonipho nomoya wobunye olethwa umfaniswano ubabiza imali engakanani abazali? Ngabe umfaniswano yiwona owenza izingane zihloniphe noma yindlela ezikhuliswe ngayo? Okungacaci ngalolu cwaningo ukuthi lwenziwa ezikoleni zikaHulumeni noma ezikoleni ezizimele. Kunobufakazi bokuthi ezinye zezikole ezizimele aziwugqoki umfaniswano kodwa azinayo inkinga yezingane ezingahloniphi. Lezi zikole ziba nemiphumela emihle, nabafundi abanobunye nokuzethemba. Laba bafundi bayaphumelela empilweni noma bebengawugqoki umfaniswano. Nakuba abazali balezi zingane bengawuthengi umfaniswano kodwa nabo bakhokha imali eningi kakhulu ukuze izingane zabo zifunde kulezi zikole. Okusobala ukuthi kuya ngokuthi umzali ubona kuyisiphi isikole esifanele ingane yakhe,esiwugqokayo umfaniswano noma esingawugqoki.

Kulezi zinsuku inhloso yokugqokwa komfaniswano isishintshile, manje ususetshenziselwa ukuhlukanisa izikole ngokwamazinga azo. Lezo ezibizayo azigqoki umfaniswano ofanayo nalezo ezingabizi kakhulu. Ngisho nezindawo odayiswa/othengiswa kuzo azifani. Ngisho nendlela ogqokwa ngayo ayifani. Ngabe umfaniswano manje ususetshenziselwa

ukubandlulula abafundi? Uma isikole sakho singekho ezingeni eliphakeme uthola ukuthi ushibhile nesitolo esiwudayisayo sisendaweni engaphephile kahle. Uma uyowuthenga ubamba ulayini omude ulinde ukusizwa. Uma isikole sithathwa njengesisezingeni eliphakeme umfaniswano waso uyabiza. Uthola ukuthi nesitolo esiwudayisayo siba sendaweni ephephile. Umthengi akabambi ulayini omude, uhlangatshezwa emnyango athole usizo ngokushesha.

Uma isikole sisezingeni eliphezulu, umzali angazithola ekhokha imali ecishe ifike ezinkulungwaneni ezinhlanu zamarandi ethenga umfaniswano.Lapha kusuke kuthengwa izinto ezifana nezigqoko, amashethi,amabhulukwe,amajezi, izikhwama, amabhantshi, izicathulo, othayi nezimpahla zezemidlalo.Uma isikole sisezingeni eliphansi umzali angakhokha imali ephakathi kwamakhulu amahlanu kuya enkulungwaneni yamarandi. Iqiniso wukuthi noma ingabukeka incane leyo mali esuke ikhokhwe umzali, kuyena isuke inkulu ngoba ilingana nezinga lakhe lempilo.

Ukugqokwa komfaniswano ngabe kuyabasiza yini abafundi ekuphumeleleni kahle ezifundweni zabo? Kubukeka sengathi umfaniswano unika abazali nabafundi umthwalo ongenasidingo. Umzali onezingane eziningi uzithola ekhokha imali eningi ukuze izingane zakhe zikwazi ukubukeka njengezinye. Kuphinde kubeke nomthwalo emahlombe othisha okumele babheke ukuthi umfaniswano lo ugqokwe ngendlela efanele yini. Lokhu kunika othisha umsebenzi omningi.  Kwesinye isikhathi ukuqgokwa komfaniswano kuhlukumeza ilungelo labafundi lokufunda. Kwezinye izikole abafundi abavunyelwa ukungena uma benga gqokile ngendlela elindelekile.

Abanye banombono wokuthi ukugqoka umfaniswano akubalungiseleli abafundi isimo abazobhekana naso uma sebefika ezikhungweni zemfundo ephakeme (tertiary institutions), lapho kungagqokwa khona umfaniswano. Kukhona ukuphikisana ngendaba yokugqokwa komfaniswano kodwa abantu abaningi bayavumelana nokugqokwa kwawo. Mhlawumbe lesi sekuyisikhathi sokuthi uHulumeni abhekisise isidingo sokugqokwa komfaniswano ezikoleni. Uma uHulumeni ebona kufanele uqgokwe umfaniswano mhlawumbe kumele abheke nesidingo sokusiza abafundi abaphuma emakhaya ahluphekayo.

*[Umbhalo wokuziqambela]*

1.1.1 Yini umfaniswano ngokwale ndaba? (1)

1.1.2 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe ukuqedela lo musho olandelayo:

Umfaniswana obizayo uba inkinga enkulu:

A Ezinganeni

B Ezikoleni

C Emndenini

D Emphakathini. (1)

1.1.3 Ubani owenze ucwaningo ngomfaniswano ezikoleni? (2)

1.1.4 Bhala inhloso yoMnyango wezeMfundo ngokugqokwa komfaniswano ezikoleni. (2)

1.1.5 Yikuphi okwenzeka kwezinye izikole okuphuca umfundi ilungelo lokufunda mayelana nokugqokwa komfaniswano. (2)

1.1.6 Caphuna umusho osendabeni okhombisa ukuthi umfaniswano awusasetshenziswa inhloso owawuqalelwe yona. (2)

1.1.7 Chaza isimo sokukhuluma esibalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

Ukugqokwa komfaniswano ezikoleni kwenza ukuthi kube khona inhlonipho kubuye kusize nasekuletheni **umoya wobunye** ezinganeni zesikole. (2)

1.1.8 Bhala OKUBILI okuveza ukuthi abafundi abafunda ezikoleni eziphansi ngokwezinga kuba nzima ukuyothenga umfaniswano. (2)

1.1.9 Ngokucabanga kwakho isiphi isizathu esenza abafundi abafunda ezikoleni ezizimele bangawugqoki umfaniswano ezikoleni. (2)

1.1.10 Qhathanisa intengo yomfaniswano wezikole ezisezingeni eliphezulu nalezo ezisemazingeni aphansi. (2)

1.1.11 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi umfaniswano wenza izingane zihloniphe ezikoleni? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.12 Chaza umehluko ovezwe endabeni phakathi kwezikole zemfundo ethe thuthu kanye nemfundo ephakeme ngokugqokwa komfaniswano. (2)

1.1.13 Imfundo yase Ningizimu Afrika ayilingani ngokwamazinga, Ngamaphuzu AMABILI, Bhala okumele kwenziwe uHulumeni ukuvala leli gebe. (2)

1.2 Bukisisa le sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO B (Obukwayo)**



[sichashunwe kwi inthanethi]

1.2.1 Bangaki abesifazane abavezwe kulesi sithombe? Bhala inombolo ngesiZulu esiqondile.. (1)

1.2.2 Iyiphi ingozi engenzeka kumntwana lo osesithombni esingenhla? (2)

1.2.3 Itiye eliphuzwa abasifazane elasiphi isikhathi ngokosuku? (1)

1.2.4 Kukhona okungafani phakathi komama ababili kulesi sithombe, Nika OKUBILI (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngezinkinga ezilethwa uhamba kukagesi.

### IMIYALELO

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele, amagama owasebenzisile angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

### UMBHALO C (Ofundwayo)

**AKUYONA IMPILO ESIYIFUNAYO LE!**

Inkampani yakwa-Eskom yaveza izinkinga eziningi ngokusebenza nokusetshenziswa kukagesi eNingizimu Afrika. Lokhu kwenza ukuba iqale uhlelo olubizwa nge-load shedding olungalekelela ukugwema izinkinga ezinkulu izwe elingazithola libhekana nazo. Lolu hlelo lokuhamba kukagesi lwenzelwa ukwehlisa izinga okusetshenziswa ngawo ugesi ngesikhathi esisodwa ukuze zonke izindawo zikwazi ukuthola ugesi. Nakuba uhlelo lwe-load shedding lunezinhloso ezinhle kodwa lokhu kuletha izinkinga ezahlukene.

Ezimbonini, emakhaya, nakwezinye izindawo, ugesi ufana nomoya osiza ukuthi abantu baphefumule. Imishini ezibhedlela isebenzisa ugesi ngakho-ke uma ungekho iyacima bese ukulashwa kweziguli kuphazamiseka ezinye zilahlekelwe imiphefumulo.Ugesi siwuthandela ukuthi usilethela ukukhanya okukhulu ngezikhathi zobumnyama. Ukuhamba kwawo ngezikhathi lapho udingeka . Ebusuku kuba mnyama bhuqe bese abantu bengaboni kahle. Uma kumnyama kusetshenziswa izinto ezigcina ziyingozi kanti ezinye zidinga imali.

Imiphakathi kufanele iphephe ngaso sonke isikhathi. Abantu abenza izinto ezingalungile bayasizakala uma amakhamera, ama-alamu, nokunye okunciphisa ubugebengu kuphazamisekile. Umphakathi uhlaselwa izigebengu emakhaya nasemabhizinisini, zintshontshe zibabulale. Isimo somnotho sibi, ukonga ukudla kubalulekile. Ukugcina ukudla emafrijini ngaso sonke isikhathi kuyasiza ngoba konga imali nesimo soleyo nhlobo yokudla. Kuyabola bese kuyalahlwa ukudla okuhlala emafrijini ngenkathi ugesi ungekho.

Izinkampani eziningi zidiliza abasebenzi ngoba zilahlekelwa inzuzo (profit) ngokuhamba kukagesi. Abasebenzi baphelelwe imsebenzi, ikati lilale eziko emakhaya amaningi. Ukufunda ngokusebenzisa intanethi amagajethi sekwenziwa kakhulu manje. Ukufunda nokufundisa kuyaphazamiseka ngoba ugesi usetshenziswa kakhulu ezikhungweni ezihlukene zemfundo.

Izithuthi zibalulekile futhi zincike ekusebenziseni ugesi. Imigwaqo ilawulwa amarobhothi uma engasebenzi kudaleka izingozi, isiminyaminya nokubambezeleka kuwo wonke umuntu. Ongathi le simo sikagesi singagcina sisombulekile.

[Umbhalo wokuziqambela]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)**




[sicashunwe: www.faceproduct.za]

3.1 Yini ekhangiswa kulesi sikhangisi? (1)

3.2 Yiziphi izinkundla zokuxhumana ongathumela kuzo isiliphu ukuze uzibeke ethubeni lokuwina? Bala EZIMBILI (2)

3.3 Tomula umusho onolimi olukhohlisayo otholakala kulesi sikhangisi. (2)

3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe esho uhlobo lwesifengqo kulo musho olandelayo:

I-Dettol ihamba indawo ende.

A Ihaba.

B Isifaniso.

C Isenzasamuntu.

D Isihlonipho. (1)

3.5 Hlobo luni lwesabizwana esitholakala kulo musho ongezansi:


Itholakala kuzo zonke izitolo. (2)

3.6 Kungani igama elithi Dettol libhalwe ngamagama amakhulu kulesi sikhangiso. (2)

**[10]**

**UMBUZO 4**

**Bukisisa lo MBHALO bese uphendula imibuzo.**




[sichashunwe google pics]

4.1 Kungabe isikole sabafundi abanjani lesi? (1)

4.2 Bhala igama elimqondophika naleli elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Uzolahlekelwa yithuba **eliyisibusiso.** (1)

4.3 Yini ekhombisa ukuthi lesi sikole siyabandlulula ngokobulili? (1)

4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Le ndawo engenazinwele ekhanda likathishomkhulu ibizwa ngokuthi ...

A isiphongo
B izimvu
C isiphundu
D impandla (1)

4.6 Bhala okwenziwa uthishomkhulu okungavumelekile ekilasini. (2)

4.7 Uqonde ukuthini uNkk. Hlubi uma ethi 'kusinda kwehlela'? (2)

4.8 Uthini umbono wakho ngesenzo sikahulumeni sokuvula izikole ezinjengalesi esisekhathunini. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

**UMBHALO F (Ofundwayo)**

| |
|---|
| Hheyi bakwethu! Usuphelile njalo unyaka? Impela isikhathi sesidliwe yinja.Sekuzovela imiphumela kuwo wonke umuntu obesebenza nobefunda.Kuzocaca ukuthi bawulungiselele ngokufanele yini uZibandlela. Phela konke kuvela bha obala ngale nyanga. Alikho eligxumela elinye. Bazohlala obala labo ababedlala ngemali nangesikhathi. Abanye bazobe behleka bodwa sebethola amabhonasi abo. Kukhona abazothola imali abebeyonga unyaka wonke. Abafundi abazimiselile bazodlulela phambili. Kuneqembu elizivocavocayo ukuze libe nemizimba emihle ehambisana nalesi sikhathi. Izigebengu nazo azizibekile phansi ngalesi sikhathi. Amadolobha amakhulu agudle ulwandle agadwa kakhulu. Kufakwa amaphoyisa amaningi ngoba abantwana bayalahleka futhi bayantshontshwa kulezi zindawo. Amaphoyisa ahlale ethola izingane ezidukile azigcine. Izingane ezimukayo zidliwa izilwane eziyingozi |

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile bese uzakhela umusho ophelele ngalo.

Impela **isikhathi** sesidliwe yinja. (2)

5.1.2 Hlobo luni lwebizo elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

**Iqembu** lezigebengu nalo alizibekile phansi. (2)

5.1.3 Guqula amabizo abhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo abe isandiso sendawo (ondaweni).

**Amadolobha** agudle **ulwandle** kugada amaphoyisa amaningi. (2)

5.1.4 Lo musho olandelayo uqukethe luphi uphawu lokuloba?

Hheyi bakwethu! (2)

5.1.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe usho ukuthi uluhlobo

luni lwesichasiso esibhalwe ngokugqamile emshweni ongezansi:

Kufakwa amaphoyisa **amaningi** ezindaweni ezigudle ulwandle ngoba abantwana bayalahleka kulezi zindawo.

A. Inani.
B. Isibaluli
C. Isiphawulo
D. Ongumnini. (2)

5.1.6 Bhala ELINYE igama elisho okufanayo naleli elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Sekuzovela imiphumela kuwo wonke umuntu obesebenza nobefunda ukuthi uwulungiselele kanjani **uZibandlela**. (2)

5.1.7 Hlanganisa le misho elandelayo ngesihlanganiso esifanele ibe umusho owodwa ombaxa.

Kufakwe amaphoyisa amaningi. Abantwana bayalahleka. (2)

5.1.8 Bhala impambosi yokwenzayenza esikhundleni segama elikubakaki.

Uhulumeni (uyazama) ukusiza kulesi simo. (2)

5.1.9 Bhala isandiso sesimo esitholakala kulo musho olandelayo.

Sekuzovela imiphumela kuwo wonke umuntu osebenze kanzima nobefunda. (2)

5.1.10 Tomula isenzukuthi esitholakala esiqeshini esingenhla. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**